ISITHASISELO E – ISAZISO ESIBHEKISWE KWABAFAKA IZIKHALO EZIMAQONDANA NOKUSEBENZA KWAMAPHOYISA

UMTHETHO OMAQONDANA NOKUVIKELWA KWEMININGWANE YOMUNTU WEZI-2013

ISAZISO KANYE NESIQINISEKISO ESINIKEZWA NGUMFAKISIKHALO MAQONDANA NOKUNGAGCULISEKI KOKUSEBENZA WAMAPHOYISA

UMnyango Wezokuphepha kanye Nokuxhumanisa Umphakathi (lapha obizwa "ngomnyango") kanye nabasebenzi bawo uyaye uqoqe uphinde ucubungule imininingwane yabafake izikhalo ezimaqondana nokungagculiseki kokusebenza kwamaphoyisa ngenhloso yokusingatha izikhalo ngendlela efanele, kubandakanya lokhu okulandelayo, –

1. *Ukuphenya maqondana nezikhalo;*
2. *ukuxhumana namaphoyisa kanye nezinye izinhlaka okusetshenziswana nazo;*
3. *ukubhala imibiko; kanye*
4. *nokwazisa abafake izikhalo ngenqubekela phambili maqondana nezikhalo zabo.*

Imininingwane yomuntu ingaphinda futhi idalulwe kumbe icutshungulwe uma –

- *umnyango kufanele kumbe unelungelo lokudalula leyo minininingwane ngokwananoma yimuphi umthetho;noma*
- *kunesidingo sokuvikela ilungelo lomnyango.*

Uma Lowo Ohlinzeka Imininingwane (Data Subject) ehlinzeka abe-DCSL (umnyango) ngemininingwane egameni lomunye, abe-DCSL angeke bekwazi ukucubungula isikhalo kumbe isicelo ngaphandle uma leso sikhalo kumbe isicelo sihambisane nemvume kanye negunya lalowo ongumnikazi wemininingwane.

Uma Lowo Ohlinzeka Imininingwane (Data Subject) eneminyaka engaphansi kweyi-18, imininingwane yakhe iyocutshungulwa kuphela uma umzali kumbe umbheki wakhe enikeza imvume noma igunya lokuba kucutshungulwe leyo minininingwane enikeziwe.

Ngiyaqinisekisa ukuthi yonke imininingwane enikeziwe (kubandakanya nanoma yikuphi okunanyathelisiwe) iphelele futhi iyiqiniso, ngokwazi kwami. Ngiyaqonda ukuthi -

i. ukunikezelwa kwale minininingwane kuphoqelekile ukuze kuphenywe isikhalo;

ii. ukwehluleka ukunikezela ngale minininingwane kungaholela ekutheni isikhalo singaphenywa; kanye

iii. nokuthi nanoma yimiphi imininingwane engesilona iqiniso ingaholela ekubekweni icala kanye nokubikwa eMnyangweni kaMgcinimafa.

Imininingwane yomuntu eqoqiwe inganikezwa iphinde futhi icutshungulwe yilezi zinhlaka –

1. *abasebenzi boMnyango;*
2. *Amaphoyisa aseNingizimu Afrika / Amaphoyisa e-Metro;*
3. *Ezinye izinhlaka okusetshenziswana nazo kweZobulungiswa;*
4. *Isikhungo esibhekele ulwazi lwezobuchwepheshe kuHulumeni (i-State Information Technology Agency);*
5. *UMcwaningi-Mabhuku Jikelele;*
6. *Inqolobane Yokulondolozwa Kwemibhalo Eyigugu Yesifundazwe (i-Provincial Archives) ;kumbe*
7. *Nanoma yiluphi olunye uHlaka lukaHulumeni ngenhloso yokuthi lukwazi ukuqhuba umsebenzi walo kumbe wophiko lwayo.*

Ngiyaqonda ukuthi nanoma iyiphi imininingwane yami iyogcinwa isikhathi esiyiminyaka …. ngaphambi kokuba ishatshalaliswe yiNqolobane Yokulondolozwa Kwemibhalo Eyigugu Yesifundazwe (i-Provincial Archives). Ngiyakwamukela ukuthi ukucutshungulwa kwemininingwane yami kuyokwenziwa ngokulandela uMthetho omaqondana Nokuvikelwa Kwemininingwane Yomuntu wezi-2013 kanye nokuthi futhi iyosetshenziselwa lokhu okulandelayo:

a) *Ukucutshungulwa okumaqondana nokusingathwa kwezikhalo;*
b) *ukucutshungulwa kokuthi aMaphoyisa ngabe asebenza ngokulandela imithetho ebekiwe yini kweZemisebenzi kaHulumeni;*
c) *ukuvikela ilungelo lami elisemthethweni noma ilungelo lenhlangano engiyimele;*
d) *ukucutshungulwa kokuthi izinhlaka zikaHulumeni kungabe zisebenza ngokulandela imithetho ebekiwe yini; noma*
e) *ukucutshungulwa kokuthi kungabe zibhekeleleke ngokufanele yini izintshisekelo zohlaka lukaHulumeni kumbe uhlangothi lwesithathu olunikezelwe imininingwane eceliwe.*

Lapha nginikeza imvume yokuthi kucutshungulwe imininingwane yami ngokulandela uMthetho omaqondana Nokuvikelwa Kwemininingwane Yomuntu wezi-2013 futhi ngiyaqonda ukuthi nginelungelo –

i. *lokufinyelela olwazini oluqoqiwe kanye nelungelo lokulungisa lolo lwazi;*
ii. *lokuvimbela ukucutshungulwa kwemininingwane yami ukuze ngivikele intshisekelo yami, uma kunezizathu ezizwakalayo neziqinile, maqondana nokusebenza ngendlela efanele kwesikhungo sikahulumeni, ngaphandle uma umthetho oshayiwe ukuvumela lokho kucutshungulwa kweminingwane yami; kanye*
iii. *nelokufaka isikhalo kuMlawuli (i-Regulator) (complaints.IR@justice.gov.za).*

ISIGNESHA (YOGUNYAZIWE) **USUKU**

AMAGAMA APHELELE:

……

IGAMA LENKAMPANI: ……